Kukhishwe ibhuku elizosiza abafundi

PHILI MJOLI
phili.mjoli@inl.co.za

UKUTHOLA othisha abazofundiza izifundo zasemkhunjini kuseyinkinga ezikoleni eziningi.

UNksz Thato Tsautse onguMqondisi wenhlangano egqugquzela izingane ukuthi zifunde ngomkhakha wasemkhunjini, iMaritime Studies i-Ethekwini Maritime Cluster (EMC), uthe kusenzima ukuthola othisha basezikoleni abazoqondana nalesi sifundo.

"Ngumkhakha osemusha emakolishi obuthisha, azikho izifundo zawo.

"Ngakolunye uhlangothi kunzima ukuthi uthathe umuntu ofunde lezi zifundo uma efuna ukusebenza emkhunjini umshintshe umenze uthisha ngoba imali kayifani. Uthisha ngiyakholelwa ukuthi kumele kube ngumuntu onobizo ukuze akwazi ukwenza kahle umsebenzi wakhe," kusho uNkk Tsautse.

Uthe bakhona abafunde bagogoda kulo mkhakha abangakawutholi umsebenzi abangaba ngothisha uma befundela ubuthisha ngaphezulu kweziqu zabo kodwa inkinga kuba yiholo.

UNksz Tsautse ubesho lokhu ngesikhathi echaza ngebhuku elizosatshalaliswa ezikoleni zamabanga aphezulu elizosiza abafundi baka-Grade-9 abafisa ukufunda nge-Maritime njengoba kuyinyanga yezokuthutha.

"Zikhona izikole esezinazo lezi zifundo KwaZulu-Natal kodwa zimbalwa okwamanje. Iningi labantu abafunde iMaritime ezikhungweni zezemfundo ephakeme basuke bengakuhlelile," kuchaza yena.

Uthe leli bhuku bazolisabalalisa kuzo zonke izikole KwaZulu-Natal kungakhathalekile ukuthi iyafundwa yini i-Maritime kuzo noma cha.

Uqhube wathi okwamanje zikhona izifundo abafundi abangazikhetha ezikoleni noma ingafundwa iMaritime.

Leli bhuku elibhalwe yi-EMC noMnyango wezeMfundo lichaza ngezifundo ezingafundelwa, izifundo okumele abafundi bazifunde besesesikoleni, emakolishi, ema-FET, emanyuvesi ezitholakala kuwo KwaZulu-Natal. Izikole zamabanga aphezulu seziqalile ukufundisa iMaritime, indlela yokuthola imifundaze uma wenza lezi zifundo nokuthi ngobani abaxhasi.

UNkk Tsautse kwayena uthi wangena engaqondile kulo mkhakha ngesikhathi eqashwa ngumkhandlu olawula amachweba njengommeli ngo-2002.

"Ngafunda kabanzi ngalo mkhakha ngaleso sikhathi ngagcina sengisebhodini lokulawulwa kwayo i-EMC. Angifuni ukuthi nesizukulwane samanje sifane nami. Abafundi kumele lokukhetha imisebenzi abayithandayo kusenesikhathi ukuze bakujabulele ukusebenza bangahlale belandelwa ngemuva," kusho yena.

Uthe bakhona othisha abayingcosana asebeke baba sohlelweni obeluhlelwe yile nhlangano lokufunda kabanzi nge-Maritime kodwa sebeshiyile bazivulela amabhizinisi abo.

Eminyakeni emithathu ezayo uNkk Tsautse uthe bazimisele ukuthi balithuthukise leli bhuku libe neminye imininingwane engekho.

Abafundi nothisha abafisa ukuthola leli bhuku bangashayela uNksz Kukie Thusi ku-031 301 0950 noma bangene kwi-website ethi: www.maritimecluster.co.za

UNKSZ Thatho Tsautse wëThekwini Maritime Cluster uthi akekho umfundi okumele abe nolwazi olungenele ngezifundo zasemkhunjini Isithombe: NTANDOKAZI NKONYANE

Bayazenzela